ISEPTIC TANK

IYINI ISEPTIC TANK?

Iyithoyilethe eline thangi elakhelwe phansi emgodini lase lixhunywa ethoyilethe ukuze lithathe wonke umchamo nendle uma ushaya ithoyilethe.

INGAKHIWA UBANI ISEPTIC TANK?

Ingakhiwa noma imuphi umninimuzi onamanzi angaphezulu kwesilinganiso esingu 200 litha wamanzi axhunyiwe ngosuku, kodwa engenawo amapayipi ahambisa amanzi angcolile kanye nendle axhunywe ngu Masipala.

ISEBENZA KANJANI ISEPTIC TANK?

Ithoyilethe elinesitsha esixhunywe epayipini lamanzi, livumela indle kanye nomchamo ukuthi kuhambe nge payipi kuyongena kwiseptic tank. Ethangini; okuqinile kuzika phansi bese kwakha okusadaka, ngesikhathi amanzi ehamba eyongena kwisoak-away. I soak-away umgodi omkhulu ofakwe amatshe wambozwa ngenhlabathi. Izibungu kwiseptic tank zisiza ukubolisa okuqinile ngaleyondlela ithangi lihlala isikhathi eside lingagcwali. Uma kwenzeka ithangi ligcwala kuyodingeka ukuthi ucashe iloli elimomayo lizokumomela iseptic tank yakho.



INAKEKELWA KANJANI ISEPTIC TANK

✗ Ungafaki udoti oqinile njenge zinqamu zikagwayi noma izidwangu kanye nokunye kwiseptic tank ngoba lokho kudala ukuthi ithange lisheshe ligcwale bese lidinga ukumonywa njalo kungakapheli isikhathi eside.

✗ Ungafaki izibulali magciwane (ujikhi, ushibhoshi, iditholi kanye nokunye) kwiseptic tank ngoba lokhu kubulala izi bungu ezidingekayo ukubolisa indle.

Okusemqoka :-

Sebenzisa isibulali magciwane ukuhlanza isihlalo sethoyilethe lokhu kubulala amagciwane ayingozi phezu kwesihlalo. Ungafaki isibulali magciwane phakathi ethoyilethe.

EMINYE IMIBUZO NOLWAZI NGESEPTIC TANK LUNGATHOLAKALA EMAHHOVISINI OMKHANDLU WETHEKU OSEDUZE NAWE

ETHEKWINI MUNICIPALITY
WATER SERVICES